UNIVERSITY OF KWAZULU-NATAL™
INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

languagematters@UKZN
ezolimi@UKZN
University Language Planning and Development Office

RSVP Bilingual Tutorial Workshop

RSVP

**Bilingual tutor training workshop**
**The University Language Planning and Development Office**
Invites the Submission of requests for Bilingual Tutor Training
**(College of Law and Management Studies)**

## BILINGUAL TUTOR TRAINING WORKSHOP

**RSVP by or before 18 July 2025**

| Training Details | |
|---|---|
| **DATES:** | 24 and 25 July 2025 |
| **TIME:** | 9:00 - 15:00 |
| **VENUE:** | Westville Campus / Teams (Hybrid workshop) |

| ENQUIRIES |
|---|
| Ms. Ntokozo Nomasiko Msomi |
| **Tel: 0312601548** |
| **Email:** MsomiN1@ukzn.ac.za |

## ABOUT THE BILINGUAL TUTOR TRAINING WORKSHOP

The mission of the University Language Planning and Development Office is to embrace and foster functional bilingualism at UKZN through the promotion of equitable use of English language and isiZulu as provided for in the language policy (2006 revised in 2014). Thus ULPDO seeks to develop and promote isiZulu to be the language of research, science and teaching and learning. In the 2022 academic year, the ULPDO planned to coordinate the bilingual tutor training workshop for tutors that are willing to learn tutoring bilingually, using both English and isiZulu in their tutorials. This is aimed at assisting those who are not confident in expressing themselves in English and give them an opportunity to use isiZulu to better understand scientific concepts in their respective disciplines.

**Objectives of the Bilingual Tutor Training Workshop:**

- To promote the use of isiZulu and English in the classrooms
- To disseminate the standardized isiZulu terminology to assist tutors and learners using isiZulu to understand concepts
- To train the tutors and learners to teach and learn bilingually
- To make isiZulu the language of administration, teaching and learning, research and innovation, alongside English.

Languagematters@UKZN

UNIVERSITY OF KWAZULU-NATAL INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

languagematters@UKZN

ezolimi@UKZN

University Language Planning and Development Office

RSVP Bilingual Tutorial Workshop

**Umhlangano Wokuqeqesha Abasizi Bothisha Ngokufundisa Ngokobulimimbili**

**IHHOVISI LENYUVESI LEZOKUHLELWA NOKUTHUTHUKISWA KOLIMI**

Limema ukufakwa kwezicelo zokuqeqeshwa kwabasizibafundisi

**Bhalisa ngaphambi noma ngomhla ziyi-18 KuNtulikazi kowezi-2025**

**IZIKHALA ZIBALIWE UNGALINDI AMACONSI ABANZI**

BHALISA

**UMHLANGANO WOKUQEQESHA ABASIZIBAFUNDISI NGOKUFUNDISA NGOKOBULIMIMBILI**

| **Imininingwane Yokuqeqesha** | |
|---|---|
| **IZINSUKU** | 24-25 kuNtulikazi kowezi-2025 |
| **ISIKHATHI** | 9:00 - 15:00 |
| **INDAWO** | Westville Campus/ Teams |

Impokophelo yeHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi ukusingatha futhi ligqugquzele ubulimimbili e-UKZN ngokukhuthaza ukusetshenziswa ngokulinganayo kwesiZulu nesiNgisi njengokuhlinzekelwa kwakho yinqubomgomo yolimi yeNyuvesi (2006 yabuyekezwa ngonyaka wezi-2014. Ngakhoke i-ULPDO ihlose ukuthuthukisa futhi igqugquzele ukusetshenziswa kolimi lwesiZulu njengolimi locwaningo, isayensi, ukufunda nokufundisa. Onyakeni wezi-2022, i-ULPDO yahlela ukudidiyela umhlangano wokucobelela abasizi babafundisi abakhuluma ulimimbili abazimisele ukufunda nokufundisa ngezilimi ezimbili, besebenzisa isiNgisi nesiZulu ezifundweni zabo. Inhloso yalokhu ukusiza abafundi abangazithembi kahle olimini lwesiNgisi nokubanikeza ithuba lokusebenzisa isiZulu ukuze baqonde kangcono amatemu ezesayensi emikhakheni yabo.

| **IMININGWANE NGESIMEMO** |
|---|
| Nkz. Ntokozo Nomasiko Msomi |
| **Ucingo:** 0312601548 |
| **I-imeyili:** MsomiN1@ukzn.ac.za |

**Izinjongo Zomhlangano Wokuqeqeshela Abasizibafundisi Ngokobulimimbili**:

- Ukukhuthaza ukusetshenziswa kwesiZulu nesiNgisi emakilasini
- Ukusabalalisa amagama ajwayelekile esiZulu ukusiza abasizi bothisha nabafundi abasebenzisa isiZulu ukuqonda ngabakufundayo
- Ukuqeqesha abasizi bothisha nabafundi ukufundisa nokufunda ngokobulimimbili
- Ukwenza isiZulu sibe ulimi lokuphatha, lokufundisa nokufunda, lwezocwaningo nokusungula izinto, luhambisane nesiNgisi.

Languagematters@UKZN